IBhayibheli LaBantwana

Likulethela

UJesu,
uThisha
Omkhulu

Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus
Ifanekiswe ngu: E. Frischbutter; Sarah S.
Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala
Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

BFC
PO Box 3
Winnipeg, MB R3C 2G1
Canada

©2015 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.



UJesu waye uthisha omkhulu - kunabo bonke. Izixuku zazimulalela. UJesu wabatshela ukuthi babe nobubele, futhi babe nobuhlobo obuhle.

Abanye abantu bengabazonda
bebazwise ubuhlungu,
kodwa uNkulunkulu
wayezobanakekela.



UJesu wafundisa izinto eziningi. Wathi abantu baNkulunkulu bakhanyisa izwe njengekhandlela likhanyisa umuzi. Ikhandlela lenza umehluko omkhulu endlini emnyama!

UJesu wayekhuluma nabantu ababekholelwa kukuphindisela, "ihlo ngehlo, izinyo ngezinyo." Kodwa uJesu wabafundisa ubuhlobo, ukuxolela kanye nothando, ngisho ne zitha.



Ezinsukwini zikaJesu, abanye abantu babezenza abakholwa kakhulu. Mabe nikeza imali kwabacelayo babenomuntu okhalisa umbhobho ukuze bonke abantu bazobona. "Fihla uma upha, intando kaNkulunkulu
izakubusisa," kusho uJesu.

uJesu wafundisa okufanayo ngomuthandazo. Abanye abantu babethandaza emgwaqweni ogcwele abantu ukuze abantu bezobezwa. Babengenandaba noNkulunkulu labantu. Babenendaba ukuthi abanye abantu bacabangani ngabo. UJesu wayebabiza ngamaxoki – abakhohlisi.



UJesu wayevamise ukusebenzisa imvelo ukuchaza izifundo Zakhe. Nasi isibonelo, wakhomba izinyoni.

"Uyihlo wasezulwini uyazondla," kusho uJesu. "Ungakhathazeki. Unkulunkulu uzokondla nawe."

“Ngisho inkosi ecebile uSolomoni wayengambhathisile okwezimbali,” esho eqhubeka.

“Uma uNkulunkulu embhathisa utshani ezinsimini, ngeke akumbhathise wena na?” UJesu wayefundisa abantu ukuba bathembele kuNkulunkulu umhlinzeki wezidingo zethu
zonke.

“Uma uhlulela umfowenu,
kufana nokukhipha
ucezwana ehlweni
lakhe kepha wena
unogodo olukhulu
ehlweni lakho,”
kusho uJesu.
Mhlawumbe
abantu
bahleka.
Kodwa
kwakumele
bacabange
ngencazelo
Yakhe.





UJesu wathi abantu kumele bacele usizo kuNkulunkulu. Obaba basemhlabeni bayanikeza na itshe uma umntwana elambhile ecela ukudla? Cha! Bayinikeza ukudla okulungile. Kanjalo noNkulunkulu unikezana izinto ezilungile kulaba abacelayo.

UJesu, uthisha omkhulu, waxhwayisa ngothisha bamanga. “Bagqokisa kwezimvu,” kusho uJesu. “Kodwa ngaphakathi, impisi!” Wathi othisha bamanga bazobonakale ngendlela abaphila ngayo.

Wabaxoxela enye indaba, uJesu wabatshengisa ukuthi abantu abalandela izwi likaNkulunkulu bafana nendoda eyakha umuzi etsheni. Kufika izimvula. Maziphela izimvula, indlu isamile.



Kodwa indoda eyisiwula yakha umuzi esihlabathini. Kufika izimvula ziyishaye, iyawa ngoba isisekelo sayo sithambile. UJesu wathi abantu abangalilandeli izwi laNkulunkulu bafana naleyo ndoda.



Izixuku zazimangazwa amazwi kaJesu. Babengakaze bazizwe izinto ezinjengalezi. Manje bebesebazi ukuthi akwanele ukuzwa izwi laNkulunkulu. Kumele balilandele nsuku zonke.

UJesu, uThisha Omkhulu

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Mathewu 5-7, Luka 6

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130


Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16